USuku Lomkhankaso weKhabhinethi olubizwa nge-'OSS Cabinet Day' lulethe ithemba emphakathini waseBelgrade

Kubika uVusi Shabalala kanti nezithombe zithwetshulwa nguye

ULwesithathu lwamhla lulu-1 kuNtulikazi wezi-2015 lube ngolunezithelo ezinhle kakhulu kuNdunankulu waKwaZulu-Natali uMhlonishwa Mnu Senzo Edward Mchunu kanye namaLungu eSigungu Esiphezulu njengalokhu bevakashele wonke amaWadi kaMasipala wesiFunda uPhongolo. AmaLungu eKhabhinethi lesiFundazwe aqhubekile nokusebenza ngokuzikhandla maqondana nokusheshisa ukunikezelwa kwezinsiza emphakathini ukuze kufezekiswe umsebenzi abawujutshelwe ngokoMthethosisekelo kanye nokwenza ngcono impilo yabantu esiFundazweni. Uma nje ungena eBelgrade, ubona umgwaqo omusha osakhiwa, lokhu okuwuphawu lwentuthuko.

Ukuvalwa kwezikole kwamaholide asebusika kunikeze umphakathi waseBelgrade, ikakhulu abantu asebekhulile, abesifazane, kanye nentsha yakuWadi 5 ithuba lokuxoxisana noNgqongqoshe uRavigasen Ranganathan Pillay, oyiLungu lesiShayamthetho sesiFundazwe kanye nethimba lakhe njengalokhu babehlose vele uWadi 5 endaweni yaseBelgrade. Siyazi ukuthi uMnu Ravi Pillay okwamanje wengamele iminyango emibili, okungowezokuHlaliswa kwaBantu kanye nowezeMisebenzi yoMphakathi. Impela mkhulu lo msebenzi abhekene nawo.

UNgqongqoshe uRavi Pillay oyiLungu lesiShayamthemtho sesiFundazwe elalele ngokukhulu ukucophelela ngesikhathi ethulelwa umbiko ngosuku lomkhankaso we-OSS weKhabhinethi eBelgrade.

UNgqongqoshe uPillay uqale lolu suku, i- Zululand Operation Sukuma Sakhe Cabinet Day, ngezithuba zawo- 8:45 ngokuba ahambele i-War Room yokuqala ehambisana nomhlangano wokwazisana owabe ubanjelwe eThusong Centre khona eBelgrade. Inhloso yalo mhlangano kwabe kungukubikela uMnu Pillay nethimba lakhe ngalokho okuqhubekayo (ukunikezelwa kwezinsiza emphakathini ngokunjalo nezinselelo ezikhona) kuWadi 5, eBelgrade. Phakathi kwamalungu ethimba ebelihamba noMnu uPillay bekukhona uMnu. Siphiwe F. Mkhize, oyiNhloko yoMnyango wezoLimo kanye Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya KwaZulu-Natali, uMnu Mavundla; iMeya kaMasipala weNdawo wakwaNongoma, uMnu MJ Dlamini; iKhansela likaWadi 5; iNduna kanye noSihlalo weKomidi leWadi, uNk Philisiwe Mabuza; uMnu Scelo Ntshangase onguMsebenzi obhekele Ukuthuthukiswa Komphakathi (CDW) ophinde abe ngumxhumanisi wakuWadi 5; uMnu Sikhumbuzo Gumede, oyiNhloko yeHhovisi likaNgqongqoshe uPillay; uMnu Siboniso Majola, oyiMenenja eHhovisi lesiFunda

esisoGwini saseNyakatho kwezeMisebenzi Yomphakathi eKZN, uMnu Zamo Zwane oyiMenenja yeHhovisi elibhekele ukuQashwa Nokuhlolwa KwezeMisebenzi yoMphakathi, uSister Thembelihle ongunesi ogogodile osebenza eSibhedlela Itshelejuba kuMasipala wesiFunda uPhongolo; uMnu MJ Mfusi, iMenenja Jikelele esabambile eMnyangweni wezoLimo eKZN; uKaputeni Buthelezi wakwa-SAPS khona kuMasipala wesiFunda uPhongola kanye noMnu TT Madonsela, oyiMenenja eMkhakheni weZolimo kuMasipala waseDumbe ngokunjalo nabamele uhulumeni nomphakathi.

UScelo Ntshangase, okunguyena owayehola ababemele iWadi, wethula umbiko onohlonze maqondana nohlelo i-OSS yakuWadi 5, owawuqukethe phakathi kokunye lokhu okulandelayo: Ukunikezelwa kwezinsiza zomphakathi kanye nokusebenza kwe-war room; Isimo kuWadi 5 kanye nababambe iqhaza khona; Ukudlanga kwezifo okusalokhu kuyingcindezi emphakathini weWadi; Isimo sokusebenza komtholampilo waseBelgrade; Izikhungo zohlelo iPhila Mntwana, Imiklamo kanye nabahlomula kuyona, Imiklamo yeZomnotho weNdawo; Imiklamo yeZolimo (ebandakanya ukuqikelela ukuthi akwentuleki ukudla kanye nediphu); Izinhlelo zokuthuthukisa uMphakathi kanye neMiklamo yokuThuthukiswa kweNgqalasizinda.

UMnu Scelo Ntshangase ongumxhumanisi kuWadi 5 ngesikhathi ethula umbiko e kuNgqongqoshe uPillay kanye neThimba le-OSS eThusong Centre, eBelgrade.

Umbiko waveza izinhlelo ezivelele ekusheshisweni kokunikezelwa kwezinsiza zentuthuko ukuze kwenziwe ngcono impilo yabo bonke abantu baseBelgrade. Lokhu kuhlaluke kumbe kufakazeleke ngesikhathi uNgqongqoshe uPillay evakashela esinye isikhungo. KwezeMpilo: Kumanje, uWadi 5 usunezikhungo ezimbili eziqhuba uhlelo iPhila Mntwana okuyiMsizini kanye neNqabeni futhi ezisebenza ngokugcwele nangempumelelo. Lezi zikhungo zibhekele ikakhulu ukuhlolwa kwezingane zonke izinsuku; ukuhlinzeka ngamathonsi kavithamini 'A' kanye nokuhlonza izingane ezidluliselwe kuzona lezi zikhungo eziphethwe isifo sohudo. Le misebenzi inganyelwe ngoNompilo (ama-CCG) abahlanu, okunguHlamukile Lukhele, uMasesi Mkhwanazi, uSihle Dlamini, uSlindile Mngomezulu kanye noZanele Nxumalo abade beqeqeshwa, belekelelwa futhi baqashwe ngeso lokhozi ngumhlengikazi, uSister Thembelihle Khumalo osebenza esibhedlela Itshelejuba oPhongolo, okunguyena futhi obanika lonke

uholo maqondana nale misebenzi. Yonke imibiko yocwaningo lokusebenza kwezikhungo iyatholakala uma iceliwe. Ngaphezu kwalokhu, iThimba Lezempilo elihambela izikole lihlinzeka ngohlelo olufundisa ngokudla okunomsoco, imikhankaso yokuQwashisa ngeSandulela-ngculazi neSifo soFuba kanye nezifo ezithelelana ngocansi ezikoleni eziyi-5 (iBambanani High, iSibiyangenkomo Primary, iLanga High, iLalela Primary kanye neSiyeza Primary).

Izinhlelo ezivelele maqondana nokunikezelwa kwezinsiza emphakathini: Kumanje isiFunda saseZululand kanye noMasipala weNdawo uPhongolo bahola futhi baxhase ngemali iMiklamo yeZomnotho Wendawo, lapho kuhlomula abantu bendawo. Imiklamo yesiFunda saseZululand ebandakanya iSibumbane Garden Club, iSiyazama Youth ebhekelele ukugundwa kotshani ukuze kube nendawo ehlanzekile, iMpindamshaye Catering kanye nenhlangano yabafelokazi (Widows Group) yona egxile kwezolimo. Kule miklamo kuhlomula abantu ababalelwa kwabangama-27 (okungabesifazane kanye nentsha). UMasipala weNdawo uPhongolo uhlomulise abangama-20 abazibambele mathupha emiklamweni okuyiBuhle Buhle Salon, iZabalaza Craft work kanye neSibiyangenkomo Catering.

Kusukela ngoMasingana kuya kuMbasa ngowezi-2015, uWadi 5 sewube nenqubekela phambili ebonakalayo emklamweni wezolimo (wokuqikelela ukuthi akwentuleki ukudla). Kusungulwe izingadi ezingama-22 futhi ezinakekelwayo impela (okuyizingadi ezisemakhaya, emphakathini, emtholampilo, ezikoleni kanye nesezihenqweni (tunnels). Ngalesi sikhathi esesibaluliwe uHlelo Lwemisebenzi yoMphakathi nalo lwenze umsebenzi oncomekayo maqondana nokweseka ukusebenza kwazo zonke iziNhlelo Zokuthuthukiswa Kwezingane Zisencane (izinkulisa); ukukhuculula zonke izindawo zokulahla imfucuza ezingekho emthethweni, amathuna namahholo omphakathi ngokunjalo nokwakhiwa nokulungiswa kwemigwaqo engenela emigaqweni emikhulu; ukwakhiwa, ukubiya kanye nokupenda kabusha imizi yalabo abaswele kanye nokulungiswa kwezikole.

Ngenhla (kwesobunxele) uMnu MJ Dlamini oyiKhansela likaWadi 5 eBelgrade noMnu Siphiwe F Mkhize oyiNhloko yoMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweZindawo zaseMakhaya obephelezele ithimba elikhethekile le- OSS ebelihamba noNgqongqoshe uPillay

Imiklamo yokuthuthukiswa kwengqalasizinda seyiqhutshwe ngamandla njengalokhu isiFunda saseZululand sesilungise izikole iBambanani kanye neLanga; kuthuthukiswe nenkundla yezemidlalo yaseBelgrade; kwakhiwa umtholampilo waseBelgrade; kwaphothulwa ukwakhiwa kwezindlu eziyi-174; kwakhiwa izinkulisa ezimbili (i-Rainbow kanye neSibiyangenkomo); kanti kusaqhubeka ukulungiswa kwezindlu ezingama-45 ngaphansi koHlelo Lokulawulwa Kwezinhlekelele ngokunjalo nolwe-OSS.

UMnyango wezeMidlalo kanye nezokuNgcebeleka kuZwelonke uqalise uhlelo lokuvuselelwa koHlelo lokuThuthukiswa Kwamakilabhu (i-Club Development Programme) obelungasasebenzi ngokufanelekile phambilini ngenxa yokuthi belunganyelwe ngendlela efanele. Lolu hlelo luzofundisa intsha ngokuzibandakanya nokubamba iqhaza ekuphileni ngendlela enempilo kanye nokuthanda ezemidlalo. Umphakathi waseBelgrade ikakhulu intsha, uhlomulile kulolu hlelo njengalokhu luhlinzeka ngoxhaso lwemali yokuthenga izimpahla zokuzilolonga kanye nezithuthi. Lolu hlelo lubandakanya ikakhulu lezi zinhlobo zemidlalo; ama-athletics, imidlalo yasemanzini, ibhola lomnqakiswano, ibhola lombhoxo, ikhilikithi kanye nebhola lezinyawo.

Ngenhla (kwesokunxele) uNgqongoshe Pillay (ogqoke ishethi elimhlophe) kanye neThimba loNompilo besesikhungweni iPhila Mntwana Health Care Centre, kusukela kwesokunxele nguHlamukile Lukhele, uThembalihle Khumalo, uMasesi Mkhwanazi, uSihle Dlamini kanye noKhansela MJ Dlamini. Kwesokudla uKaputeni Buthelezi wakuMasipala uPhongola obemele abakwa-SAPS kulo mhlangano.

Siyakuqonda ukuthi kunezinselelo umphakathi obhekene nazo, kanti nabahlali bakuWadi 5 waseBelgrade nabo abasali ngaphandle kulokhu. Umbiko owethulwa nguKaputeni Buthelezi we-SAPS, esiFundeni sasoPhongola uhlonze lezi zinselelo ezilandelayo ezizodinga ukuba zonke izinhlaka zikahulumeni zingenelele. Izinga eliphezulu lokukhulelwa; izinga eliphezulu lokungasebenzi (ikakhulu intsha); ukuphuza uphuzo oludakayo ngokweqile, ukusetshenziswa budedengu kwezidakamizwa; ukwenyuka kwezinga lokwebiwa kwemfuyo, ikakhulu phakathi komngcele woPhongolo neSwazini.

Ngenhla esithombeni esikwesokunxele uSister Thembalihle Khumalo (ongakwesokudla) ngesikhathi echazela kafishane uNgqongqoshe nethimba lakhe bengaphandle kwesikhungo iPhila Mntwana Care Centre bese kuthi esithombeni esingasokudla kube ngu Mnu MJ Mfusi iMenenja Jikelele esabambile kwezoLimo kanye nokuThuthukiswa kweZindawo Zasemakhaya eKZN ngesikhathi ebeka uvo lwakhe

Ngenhla: "Sisebenza Ngokubambisana" Ithimba le-OSS kuWadi 5 eBelgrade likanye noNgqongqoshe uRavi Pillay ngesikhathi bezibophezela ekusebenzeni ngokuhlanganyela.

Ngesikhathi kuxoxiswana nomphakathi, wonke umuntu wayezibonela nje ukuthi ukuxoxisana phakathi kukaNgqongqoshe, ithimba lakhe kanye nomphakathi kwabe kushubile impela kodwa kuhlutshwa udlubu ekhasini. Impela kwabe kuyingxoxo ehlabahlosile kodwa eyaphetha ngokuthathwa kwezinqumo ezinohlonze nokwavunyelwana kamnandi ngazo ekutheni kumele ziqaliswe ngokukhulu ukushesha lokhu futhi kwabekwa nezinsuku ezingumnqamulajuqu. Phakathi kwezinye zezinqumo okwavunyelwana ngazo yilezi: ukuba kusheshwe kulungiswe amapayipi amanzi asuka edamini laseBelagrade; ukuba ababambiqhaza baqhubeke nokuqhuba izinhlelo zokuqwashisa umphakathi ngokumaqondana nezempilo (iSandulelangculazi neNgculazi, Izifo Ezithelelana Ngokocansi, umthelela wokukhulelwa kwentsha, ukuphuzwa kophuzo oludakayo kanye nokusetshenziswa budedengu kwezidakamizwa, ukudoja esikoleni, nokunye); ukuhlinzekwa kwezindlela zokwesekwa kosomabhizinisi abasafufusa, ukuthathwa kwezinyathelo ezisheshayo zokulwisana nobugebengu kanye nokuqaliswa kokusebenza koHlaka Lokusebenza likaWadi 5 lonyaka wezi-2015 .

Ukubuyekeza nje kafuphi, kuyahlaluka ukuthi uhlelo i-Operation Sukuma Sakhe lwenza omkhulu umehluko lo ekushintsheni impilo yabantu. Singakusho kugcwale umlomo ukuthi uSuku loMkhankaso we- OSS lweKhabhinethi eZululand belungoluphokophele ukuletha ithemba emphakathini waseBelgrade. Lilonke nje, phambili ngohlelo i-Operation Sukuma Sakhe!